# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
# *SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN*

**FEBRUARY / *FEBRUARIE***
**MARCH / *MAART***

**2005**

## ISIZULU ULIMI LWESIBILI IZINGA ELIPHEZULU

**(Iphepha Lesibili)**

HG **928-1/2**

IsiZULU SECOND/ADDITIONAL LANGUAGE HG: Paper 2

**12 pages**
***12 bladsye***

928 1 2 HG

X05

COPYRIGHT RESERVED / *KOPIEREG VOORBEHOU*
APPROVED BY UMALUSI / *GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI*

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C D no-E. Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI. U-A no-B noma C no-D noma u-A no-E, njll.
- Izimpendulo mazinombolwe futhi zihlelwe njengoba kunombolwe kwahlelwa imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esihle.

---

## ISIGABA A
## IZINKONDLO

### UMBUZO 1

*Imvubelo* – **A.M. Maphumulo**

Funda lezi zinkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Inkondlo A**

**Sibonda SikaZulu**

Umfanekiso wakho ufanekisa isintu,
Usiba lwakho lusibikela izimfihlakalo.
Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele,
Ngishaywa uvalo ngezifiso ezingafezekanga,
Ngilahlekelwa yithemba ngentshisekelo yekusasa,
Ikusasa eliyizifiso zentokomalo kaZulu.

Lolu phahla lungilethela usizi nomunyu
Umunyu ongilethela uhlevane novalo.
Nginamahloni okukubheka, ngokwehluleka ngiyisehluleki,
Ngiyesaba ngehlazo ohlezi kulo,
Izifiso zekusasa zihlanekezelekile zehluleka,
Izilokotho ngoZulu zehlulekile zehluka.

Seswele amandla mntakaNdaba nga sibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona nga siyathopha,
Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyela,
Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo,
Uma kubalwa izizwe siyabalwa,
Inhlonipho yakho yasipha ukuhlonishwa.

L.F. Mathenjwa

1.1 Sitshele inhloso noma injongo yembongi uma isibhalela le nkondlo? (2)

1.2 Yini ukulahlekelwa yithemba? (2)

1.3 Bhala isenzasamuntu esitholakala ebinzeni 1. (2)

1.4 Phinda ubhale imvumelwano-sigcino esebinzeni 1. (2)

1.5 Tomula ukuxhumanisa-siqalo kube KUBILI okusebinzeni 3. (2)

1.6 Bhala ifanankamisa nefanangwaqa ebinzeni 2. (2)

1.7 Xoxa ngomoya oxubile otholakala enkondlweni, uphinde usekele ngezibonelo ezifanele. (6)

1.8 Yini isibonda njengoba sisetshenziswe esihlokweni senkondlo? (2)
**[20]**

**Inkondlo B**

**Ngoba Nje Usulapho**

Usakhumbula ubunzima?
Usakhumbul' ukuthi ubungabuthi quthu –
Ingani phela bewuvuka ngovivane,
Wadel' abangani nenjabulo,
Uphokophel' ukuzuz' iminyezane yezazi,
Manje usuthwel' umqhele wolwazi,
Usuhamba ngezinqe ngokuzithiba.

Uyabakhumbula abazali bakho?
Belala obenyoni ubuthongo,
Bewa bevuka ubusika nehlobo
Ngoba benenhloso ngawe,
Ngoba nje usulapho sekwadlula konke –
Uthini ngosapho lukaNtu?
Awufuni lufinyelele esiqongweni sentaba?

Iminyaka eminingi yobunzima.
Injabulo ishabalele kuququdwana nemfundo
Namhla sekungawe, qhuba usapho lukaNtu.
Luwelele ngale komfula wolwazi
Kawakhile kwamhlaba, uzodlulela kwelawokhokho ...
Nguban' ozophikelel' alandele
Ezinyathelweni zokukhuthaz' izinkedama zikaNtu
Ezisalima indima yolwazi?

V.S. Khumalo

1.9 Ikhuluma ngani indikimba yale nkondlo? Usho ngani? (3)

1.10 Ngawakho amazwi kusho ukuthini ukuzuza iminyezane? (2)

1.11 Ukwenzenjani ukulala obenyoni? (2)

1.12 Yini ukuhamba ngezinqe ngokuzithiba? (2)

1.13 Phawula ongase ukuphawule ngesakhiwo samabinza ale nkondlo. Chaza kabanzi. (5)

1.14 Isifundisani le nkondlo? Phawula ngamaphuzu AMANE. (4)

1.15 Tomula imvumelwano esesigabeni sokugcina sale nkondlo bese uyayichaza. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B
## UMDLALO

### UMBUZO 2

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

*(Inkosi noMsanka baselawini. Inkosi inobuso obunxaphayo. UMsanka akakhululekile. Kungena uMzwezwe enyobozela, uhlala phansi ngasodongeni.)*

| | | |
|---|---|---|
| Mzwezwe | : | Ndabezitha! Inkosi bengithi iyangidinga. Ndabezitha! |
| Mgidi | : | Mzwezwe, ngikubizele ukuba uzozibonela ngikukhombisa ukuthi lokhu okushoyo ukuzwa ngamathambo akho, ngikuhlaziya kanjani. |
| Mzwezwe | : | Ndabezitha! UQhudelimzwezwe ukwamukela ngezandla okumele zibe ntathu ngokomthetho. |
| Mgidi | : | Kusho ukuthi lizothi libhubha wena uzobe ungaphansi kwephiko lami. |

| | | |
|---|---|---|
| Msank / Mzwez | : | Ndabezitha! |
| | | *(Kungene uThulisile ephethe khona okuncanyana okuzelwe.)* |
| Mgidi | : | Ndlunkulu, namuhla ngolwakho usuku lokuzogcwalisa ubundlunkulu ze kungabi zindaba zasebukhosini kuphela ezisho kanjalo. |
| | | *(Athule uThulisile azidlalisele usana. Ihwaqabale inkosi kodwa iyihlabe inhlali.)* |
| | | Uzomletha lapha umfanyana ngimbone. |
| | | *(Ayinike inkosi. Imphathe kahle nje sengathi akukho nsolo.)* |
| | | E, zikhulu zami, ngiyametha lo mfanyana, ngimnika elikaSonkanise. |
| | | *(Akhipe ubuhlalu obumhlophe bokumgqizisa, amgqizise.)* |

2.1 Iyini imisebenzi kaMzwezwe? (2)

2.2 Ubani, lo ndlunkulu okukhulunywa ngaye kule ndaba? (1)

2.3 Ekabani ingane ephethwe uThulisile? (1)

2.4 Kungani le ngane iphiwa igama likaSonkanise? CHAZA. (4)

2.5 Yisho elinye igama elisho ukugqizisa. (1)

2.6 Ake usho ukuthi uMzwezwe wayilekelela kanjani inkosi ukuthi aphembe uthando lwayo kuThulisile? (4)

2.7 Bhala ngesizinda – isimo senhlalo, isikhathi, amasiko, njll. esitholakala kule ndaba. (5)

2.8 Bhala igama elikhona endabeni elisho ukushuba kwesimo. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | Ukhona ofuna ukuphawula amele ibandla? |
| | | *(Kusukume indoda ende nje.)* |
| Indoda | : | Ndabezitha omkhulu! Mina ngisacela ukuzwa ukuthi indlovukazi yona yayibona ukuthi yenzani ngokuganga nebhoxongwana eligcwele umoya wezikhova? |
| Thulisile | : | Linye izwi engizolisho, ukuthi ngithe ngiza lapha esigodlweni ngabe sengimtshelile uZaba ukuthi ngiyamthanda. |
| Indoda | : | Wavumelani ukuzogana enkosini pho? |
| Thulisile | : | Inkosi kayiphikiswa. |
| Indoda | : | Wena uchaza ukuthi kawuyifuni inkosi? |
| Thulisile | : | Ngangingeke ngiyiqome noma ngabe yayiyisesheli sami esinemithi ehlanganiswa yinyanga enamandla ngaphezu kwazo zonke izinyanga esinazo lapha eMabomvini. Yiqiniso engicela ukulifela manje lelo. |

| | | |
|---|---|---|
| Indoda | : | Wala inkosi phambi kwabantu abangaka ntombazane, unamagangangozi. Kukufanele ngempela ukufa. Ngizophakamisa ukuthi inkosi ilandelise ngawe emva kwalo mfana. |
| Thulisile | : | Inhliziyo yomuntu yiyo engumbusi wakhe. Ukugcagca nomuntu ongamthandi empilweni yakho kufana ncimishi nokufa. |

2.9 Onjani umuntu ogcwele umoya wezikhova? (2)

2.10 Ingabe uZaba wayemthanda ngempela uThulisile? Sekela impendulo yakho. (4)

2.11 Usho ukuthini uThulisile uma ethi inkosi kayiphikiswa? (2)

2.12 UThulisile ukufanisa nani ukugcagca nomuntu ungamfuni? (1)

2.13 Ubani leli zinyane lamaBomvu okukhulunywa ngalo kule ndaba? (1)

2.14 Ukwenzenjani ukuba magangangozi? (2)

2.15 Xoxa ngesiphetho sendaba yonke kuvele ukuthi uyasazi. Bhala amaphuzu AYISITHUPHA. (6)

2.16 Obani amagama ezimpelesi zamawele kaMajola? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

## ISIGABA C
## INOVELI

### UMBUZO 3

***Isigcawu Senkantolo* – M. Masondo**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

> *Thatha inkulungwane namakhulu amahlanu amarandi. Wafake ethinini elibomvu likadilinki. Le mali ifake ingamashumi amabili kanye namashumi amarandi, bese kuthi ishumi lamarandi kube imali ehlukene eyisiliva.*
>
> Ufake nale ncwadi ethinini ukuze amaphoyisa angatholi umkhondo wethu ngalo mshini obhale lapha.
>
> Emva kwalokho ulindele ucingo oluzokutshela ukuthi uyise kuphi, ngasikhathi sini, futhi kanjani. Uma uke wazama ukweqa le miyalo, umndeni wakho uyoba sehlazweni elikhulu futhi kuyokwaziwa ukuthi iminwe eyatholakala esidunjini sika Zikode, ingekabani futhi wabulawa ngubani.
>
> Sethemba ukuthi konke kuzohamba ngosiko.
>
> Abazithobayo.
>
> Yithina,
>
> Obaziyo.

3.1 Obani ababhali bencwadi yemvalamlomo? (2)

3.2 Zazifune malini lezi zigebengu? (1)

3.3 3.3.1 Yayiyofakwa kuphi le mali? Ihlukaniswe kanjani? Chaza. (2)

3.3.2 Yimiphi eminye imiyalelo emibili abayinikezwa amaqola? (2)

3.4 Landa ngokubulawa kukaZikode, amaphuzu AMAHLANU. (5)

3.5 Zazibangelwa yini izigebengu ukufuna imali yemvalamlomo emndenini wakwaKubheka? Phawula ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.6 Bewuzimisele yini ukuyikhokha le mali umndeni wakwaKubheka? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.7 Wayishintsha yaba yimalini uSifiso imali yemvalamlomo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (3)

3.8 Yayizotholakala kuphi le mali? (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

Kwathi ukuba uButhelezi ezwe lawo mazwi, kwabonakala ngezinwele ezimpunga zithi sithe emnyango.

Ngokushesha iphoyisa lasenkantolo laphuma seliphethe inganono ngesandla, lixosha uButhelezi. Wathi angathi gelekeqe laphaya uButhelezi, kwezwakala iphoyisa limemeza lithi, "Yima! Yima! Kungenjalo ngiyadubula!" lasho lashaya kabili ngesibhamu emoyeni.

Laphaya enkantolo abantu base bemi ngezinyawo bemangele ukuthi kanti kwenzakalani.

UNgubane ebona konke lokhu wathi klabe ngalapho kuhleli ngakhona uKubheka wase ecima iso. Wabuye wathi klabe ngakuZondo, kwahlangana amehlo. UZondo wabheka phansi.

Emva kwemizuzu ethile langena iphoyisa noButhelezi selimbophe ngozankosi. Lamfaka ebhokisini lofakazi kanye nozankosi labo, lase lima eduzane kwakhe. Wasukuma uNgubane wathatha kanje:

"Nkosi yenkantolo, ngicela iphoyisa likhuthuze wonke amakhikhi esiboshwa salo. Uma lithola imali emakhikhini alo mlisa liyedlulisele kuwe ukuze wena uqhathanise izinombolo ezikuleyo mali nalezi ezikulolu hla lwami," esho uNgubane edlulisela uhla lwakhe kumshushisi, umshushisi eledlulisela ejajini.

3.9 Ubalekiswa yini uButhelezi? Chaza kabanzana. (2)

3.10 Waye yini uZondo kule ndaba? (1)

3.11 Yini umsebenzi kaNgubane kuleli cala? (1)

3.12 Ungumlingiswa onjani uNgubane? Chaza. (2)

3.13 Bhala isifundo esitholakala kulesi siqeshana esingenhla ubhekise ezenzweni zikaMagwegwe. (2)

3.14 UMagwegwe Buthelezi wayengunogada. Wayegada kuphi? (1)

3.15 UNgubane wabheka uKubheka wase emcimela iso. Ucabanga ukuthi wayekwenzelani lokho? (2)

3.16 Ubani igama lomufi okuhlangenwe ngaye kuleli cala? (1)

3.17 Nikeza amaphuzu AMABILI ngengwijikhwebu etholakala esiqeshini esingenhla. (2)

3.18 Yenzeka kuphi le ndatshana engenhla? (1)

3.19 Kungani inkantolo igcwele kangaka kuleli langa? (2)

3.20 Bhala amagama abameli bakaHulumeni. (2)

3.21 Uhlobo luni lwenoveli lolu? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

## ISIGABA D
## UBUCIKO BOMLOMO

### UMBUZO 4

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C.T. Msimang**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

| **Insumansumane** |
|---|
| Leli gama limqondofanana naleli elithi inganekwane. Kokubili kusasho into eyodwa. Nokho manje sesiye silisebenzise ukuchaza uhlobo oluthile lwezinganekwane. Lezi yizinganekwane ezahlukahlukene ezingathintene nenkolo njengezinganeko; ezingathintene nomlando njengemizekeliso. Imvama yalezi zinganekwane zinabalingiswa abayizilwane nezinye izidalwa; kanye nezinto ezithile njengamatshe nezihlahla okuvame ukuba ngabalingiswa, kukhulume futhi kwenzise okwabantu. Kulo mkhakha sithola futhi izinhlotshana ezimbalwa ezahlukene. Uma sicabanga ngabalingiswa singaphawula lezi: Ezamazimu; Ezohlakanyane ikakhulu amaqili afana noChakijana; onogwaja; izimfudu; njll. Ezezidalwa ezinkulu ezesabekayo njengeziququmadevu, osondonzima, izinkalimeva, izinanamahube, njll. Abanye bazehlukanisa imikhakha emithathu izinsumansumane lezi, kuba ezezilwane, ezabantu, nezixube izilwane nabantu. |

4.1 Zisiza ngani izinganekwane? Bhala OKUKODWA. (1)

4.2 Yini elinye igama lensumansumane? (1)

4.3 Nikeza isibonelo sensumansumane EYODWA oyifunde nonyaka. (1)

4.4 Bhala izinhlobo EZINE zabalingiswa ezitholakala ensumansumaneni. (4)

4.5 Zazixoxwa ngasiphi isikhathi izinsumansumane? Kungani zixoxwa ngalesi sikhathi? (3)

4.6 Ziwusizo ngani izinsumansumanne kithina njengabafundi? Yisho kube KUTHATHU. (3)

4.7 4.7.1 Chaza kabanzi ukuthi uyini umzekeliso kanye nenganeko. (6)

4.7.2 Bhala igama elimqondofana naleli "amaphixiphixi". Likhiphe esiqeshaneni esingenhla. (1)

**[20]**

**Isiqeshana B**

(c) **AbakwaSibiya**
Sibiya ngenkomo,
Abafokazana bebiya ngamahlahla!
Nina bakwaNkom' isengelwa emaweni,
Ingasengelw' esibayeni akuyona eyakhona.
Gumede kaNdaba!
Mkhananda owafinyelela kubalondolozi,
Wemuka noGodokazi way' eMfolozi.
UHhiya kwabanani,
Okwaphekwa esendlini
Kwaze kwephulwa esendlini
Engazange afe kufudumala.
Mgxebe!
Khathi!
Nina bakaSotobe kaMpangalala!

4.8 Siyini isithakazelo? (2)

4.9 Kusho ukuthini ukuthi abakwaSibiya babiya ngenkomo? (2)

4.10 Yini ukubiya ngamahlahla? (2)

4.11 Bhala impikisamqondo ekuleli binzana. (2)

4.12 UGumede wayezalwa ngubani? (1)

4.13 Yisho igama lenkosi EYODWA yakwaZulu oyaziyo. (1)

4.14 BHALA IZITHAKAZELO ZALEZI ZIBONGO EZILANDELAYO:

(i) Sibiya.
(ii) Zwane.
(iii) Buthelezi.
(iv) Ngcobo.
(v) Mchunu. (5)

4.15 Yini izibongo? (2)

4.16 Bhala izimpawu EZINTATHU zobunkondlo ezitholakala kulesi siqephu esingenhla. (3) **[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E
## IZINDABA EZIMFUSHANE

### UMBUZO 5

***Umlabalaba* – O.E.H. Nxumalo**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

Kukhale amakhwela. Kucace ukuthi indlu iyawenanela amazwi kamphathisihlalo. Ubekulindele lokhu uKhumbulani. "Lokhu njalo ngikubuziswa yikuthi sihleli nempimpi khona lapha endlini kodwa nithule nje."

Kusuke omkhulu umsindo. Kube ngumzukuzuku umphathisihlalo ezama ukubathulisa: "Kahleni phela bakwethu. Kahleni ngamawala, kasilaleleni ukuthi umfowethu ukususelaphi ukuthi kunempimpi lapha." Kuthuleke futhi. Bonke bagqolozele uKhumbulani. Kakungabazeki ukuthi lokhu akushoyo kulifudumalisile igazi.

Aqhube umphathisihlalo: "Sizocela umfowethu asho ukuthi ngubani lona osikhubazayo. Ningesabi. Uma kunobufakazi sizomsebenza lowo. Sesikhathele ngabantu ababambezela izinguquko. Kufanele afe lowo. Uzosha!"

Kuvunyelwane ngo-"elethu" ovala izindlebe. "Kunobufakazi obukhulu enginabo bokuthi ikhona impimpi lapha endlini. Iphethe isiqophamazwi. Ihlangene nezitha!"

Athi ukuthula uKhumbulani. Ahambise amehlo nendlu yonke. Wonke amehlo alaba abasendlini aselokoza umlilo. "Ikhona impimpi lapha endlini. Iphakathi kwethu. NguXolani Makhanya!"

Kusuke esinamathambo isidumo. Bonke sebewotha ubomvu. Sebefuna ukuzifikela mathupha kuXolani osehlahle amehlo. Laba abaseduze kwakhe sebembambe ngesidlozana, basho ukumudla bamfele. "Kahleni bakwethu! Ningajahi ukumsebenza uXolani. Ngiyazi ukuthi kuyacasula khona ukuthi sithi sizitshela ukuthi sonke size ngobunye kanti kukhona oze ngobunyoka. Kodwa-ke kufuneka ubufakazi.

5.1 Sithini isihloko salendaba. Ubani umbhali wayo? (2)

5.2 Ubani owafaka isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani? Sekela impendulo yakho. (3)

5.3 Ususwa yini umsindo kule ndatshana? (2)

5.4 Bhala abalingiswa ABANE abakule ndaba emfushane. (4)

5.5 Ingabe indaba yonke iyahambisana nesihloko? Sekela impendulo yakho. (3)

5.6 Wayezondelwani uXolani? Nika amaphuzu AMABILI. (4)

5.7 Bhala isifundo esitholakala endabeni. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

**Unembeza**

"Ngempela makoti, ngiyafunga. Ngeke ngize ngikuthole ukuphumula kwengqondo nomphefumulo uma engakatholakali lo muntu owenze lokhu. Ngeke ngize ngiphumule ..." Libindeke ikhehla. Ligobodise. Kugobhoze izimpophoma zezinyembezi. Umkhono wejazi leli elilokhu lizesula ngalo usuze wamanzi te.

"Ngizwe kahle mntanami. Kangiqondile ukulokhu ngikuthunuka amanxeba. Ngiyazi ukuthi kakulungile ukuthi ngilokhu ngikhuluma kanje uma izinto sezinjena. Into nje ngenziwa ubuhlungu. Kubuhlungu mntanami lokhu engikuzwayo. Kubuhlungu ..." Likhale futhi ikhehla. Lisukume. Licoshe ubhoko. Lidondolozele lize liyophuma emnyango. Lime phakathi nephaseji. Ligqolozele phansi isikhathi eside. Ngesikade liphenduke, libuyele esihlalweni ebelihleli kuso.

"Senginqume ukukhipha umklomelo oyonikezwa lowo ongasiza ngomkhondo wombulali. Kufanele abanjwe, aboshwe mntanami. Cishe liyoncibikala ihlule elisenhliziyweni yami uma angase alengiswe ngentambo aze afe lowo muntu. Kuyongiduduza lokho nanxa engasenakuvuka uDaluxolo."

Lisho liyibuke indodana yalo edindilize phansi. Isidumbu sayo simbozwe ichibi legazi. Ekhanda kunembobo evulwe isibhamu. Umbala wesudi ebigqokiwe kakusabonakali ukuthi ubunjani.

Kubuye kuthuleke ekamelweni. Kude kuzwakala umgqumo nje ekhehleni nakuMaMdunge. Kuyakhalwa. Kugobodisiwe. KuMaMdunge lisalokhu lidume njalo ikhanda. Kubuye kube khona nokungayikholwa neze le nto. Ungathi yiphupho nje kuye. Kusengathi usazovuka uDaluxolo, amomotheke, agegetheke.

**N.G. Sibiya**

5.8 Ubani igama lekhehla okukhulunywa ngalo kule ndaba? (1)

5.9 Likhaliswa yini kangaka? (2)

5.10 Yini ukugqolozela phansi. (2)

5.11 Ubani igama lenkosikazi kaDaluxolo? (1)

5.12 Ake uchaze ukuthi wafa kanjani uDaluxolo. (4)

5.13 Shono OKUBILI okutholokala endabeni okubonisa ukuthi ikhehla lalizwa ubuhlungu ngokufa kukaDaluxolo. (2)

5.14 Phinda uchaze ngamaphuzu AMANE ukuthi umbhali uphumelele yini ukufeza imigomo yendaba emfishane ubhekise kulezi zihlokwana:

(i) Ukuvezwa kwabalingiswa.
(ii) Ukuqoqeka kwesikhathi.
(iii) Ukuqoqeka kwendawo.
(iv) Isiphetho. (8)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**